bookdash.org

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative volunteers to create new African storybooks that anyone can freely print, translate and distribute. Then we work with partners to give those books to preschool children to own.

To find out more, and to download beautiful, open-licensed, print-ready books, visit bookdash.org.

*Izandla zikaZenande ezilusizo*
*(Zenande's helping hands)*
Illustrated by Sibusiso Khumalo
Written by Wendy Shelembe
Designed by Samantha Garvie
Translated by ZabeNguni Media (Pty) Ltd
with the help of the Book Dash participants in Durban on 29 October 2022.

ISBN: 978-0-948602-07-8

Typeset in Source Sans Pro and Quicksand

**This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/).**

You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use. No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.


UZenande uhlala nomama wakhe nomfowabo KwaMashu.

Uthanda ukudlala phandle ngamathoyizi akhe.



Ngelinye ilanga ekuseni, uMama utshela uZenande ukuthi ngeke akwazi ukuyodlala phandle.

Kwamphatha kabi lokhu uZenande.



Uyabuka phandle futhi ubona izihlahla eziwile, amanzi amaningi emgwaqweni, izindlu zimuka nezimoto zimile zingahambi.



Zenandes-helping-hands_interior.indd 10 2025/04/02 21:06

Indlu yakubo ingenwe amanzi,
amanye amafasitela aphukile,
nesihlahla sakhe asithandayo
sika mango sikhukhulekile.

Zenandes-helping-hands_interior.indd 13 2025/04/02 21:06


“Bekunezimvula ezinamandla izolo ebusuku, kunomoya omkhulu liduma nokuduma,” kuchaza uMama.

Zenandes-helping-hands_interior.indd 17 2025/04/02 21:06

“Hhayi bo!”
UZenande udidekile.
“Ngabe lokhu kuchaza ukuthi ngeke siphinde siphumele ngaphandle kwale ndlu?”

“Cha akunjalo, mntanami,” kuhleka uMama.

“Kuphephile ukuphumela phandle manje. Asihambe siyosiza uGog’ uZondi!”



UMama noZenande bawelela ngaphesheya komgwaqo ukuze bayobona uGog' uZondi.



Ngempela nobuso bakhe bathi ukuswabuluka.

Zenandes-helping-hands_interior.indd 23 2025/04/02 21:06

Omakhelwane sebevele bamatasatasa bayesula phansi futhi bazama ukomisa izimpahla nezingubo zokulala phandle kwaGog' uZondi.



Zenandes-helping-hands_interior.indd 24 2025/04/02 21:06

“Ngikuthengele amaswidi, Gogo,” kusho uZenande.

“Ewu kodwa uyintombazanyana ekhethekile.” Kumamatheka uGog’ uZondi.

Zenandes-helping-hands_interior.indd 26 2025/04/02 21:06

“Ngizizwa ngingcono kakhulu njengoba nonke nilapha ningisiza,” kusho uGog’ uZondi.

“Ukukusiza kungenze ngazizwa ngingcono, Gogo!” kumamatheka uZenande.

Zenandes-helping-hands_interior.indd 28 2025/04/02 21:06

